# Uthisha wami

Zimbili Dlamini and Hlengiwe Zondi

isiZulu





Ngiyamthanda uthisha wami.

Ubukeka kahle. Ufundisa kahle, unomusa nesineke.





Namuhla, uziluke kahle kakhulu izinwele zakhe.

Ufake futhi ubuhlalu obunemibala emihle kakhulu.





Buka ubuhlalu bakhe,
buluhlaza, bumhlophe,
bubomvu, buphuzi.

Mama, ngicela ungiluke izinwele nami ngifane nothisha.





Ukube sengimdala bengizofaka ubuhlalu nami.

Nami ngiyafisa ukuba muhle ngifane nothisha wami!



# Uthisha wami

Writer: Zimbili Dlamini and Hlengiwe Zondi
Illustration: Jesse Pietersen
Language: isiZulu



© African Storybook Initiative and Molteno Institute, 2014

This work is licensed under a Creative Commons Attribution
(CC-BY) Version 3.0 Unported Licence
Disclaimer: You are free to download, copy, translate or adapt this story and use the illustrations as long as you attribute or credit the original author/s and illustrator/s.

Saide
South African Institute
for Distance Education
www.africanstorybook.org
A *Saide* Initiative